

LONKE UHLOBO LWENGENISO LOKUQASHISA KUMELE LUDALULWE KWASARS

Tshwane, 11 kuNdasa 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukweluleka labo abanezindlu eziseNingizimu Afrika abaphinde babe nezihambeli ezikhokhela ukuzisebenzisa ukuthi lelo ngeniso lokuqashisa abalitholayo kumele lidalulwe emaphepheni abo okubuyisa intelangeniso.

Lona ngumgomo ofanayo nalo osebenzayo kunoma yimuphi umuntu onengeniso lokuqashisa ngokuqashisa izindlu zabo, obabeka ngaphansi kwesibopho sokudalula lelo ngeniso lokuqashisa kwaSARS.

Umninindlu kumele abhalise njengomdayisi we-VAT okunalezi zibophezelo ezilandelayo, uma ingeniso lokuqashisa lesikhashana levile ku-R1-million esikhathini esiyizinyanga ezi-12.

USARS usebenza ngokuzikhandla ukuhlinzeka isiqiniseko nengcaciso kubakhokhintela ukuze bakwazi ukufeza izibophezelo zabo kalula. Siphinde silwele ukwenza kube lula kubakhokhintela abazimisele ngokuthobela. Indlela esisebenza ngayo ilokhu ingeyokuthi umkhokhintela ngamunye kumele ahlawule eyakhe ingxenye.

Kodwa-ke, ngokulinganayo sizimisele ukwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo bakhokhintela abangazimisele ngokuthobela izibophezelo zabo. Sisebenza ngokuzikhandla ukuthuthukisa amandla okusebenza kwezinhlelo zethu zokusebenza, ukuze zikwazi ukuhlonza abakhokhintela abangathobeli imigomo yentela ngokusebenzisa imininingo ukuhlonza lobo bungozi.

Ubufakazi osebuvelile buqokomise isidingo sokugxila ekuthuthukiseni ukuthobela embonini yabaninimizi abathola ingeniso kuzihambeli ezikhokhela amagumbi okulala ezindlini zabo.

Abaninimizi, okuze kube namuhla, abangakadaluli ingeniso lokuqashisa bayakhuthazwa ukuba bazijwayeze ukulandela umthetho ngezindaba zabo ngokushesha. Abakhokhintela abathintekayo bangakhetha ukusebenzisa uHlelo lokuDalula ngokuziKhethela i-*Voluntary Disclosure Programme* (VDP) oluhlinzeka ngokungasebenzela wena. Ukuhluleka ukujwayela ukulandela umthetho ngezindaba zakho, kungase kubeke umkhokhintela engcupheni yokukhethelwa ukuba kucwaningwe amaphepha akhe abakwa-SARS, kanti lapho kuzolandelwa izinqubo eziqinile ezijwayelekile.

Into enhle ngokusebenzisa uhlelo lwe-VDP ukuthi luzokuhlinzeka ngalokhu okuzokusebenzela kangcono kulolo hlolo uma kubhekwa amanani enhlawulo.

Abakhokhintela bayakhunjuzwa ukuthi ukuhluleka ukuthobela izibophezelo zabo zemigomo yentela kungase kuholele ekuthathelweni izinyathelo zokusingatha ngaphezu kwenzalo abazoyihlawula, noma bathathelwe ngisho izinyathelo zamacala obugebengu.

Ihhovisi lohlelo lwe-VDP kwaSARS lingatholakala ngqo lapha VDP@sars.gov.za.